PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# BEKA UVO LWAKHO

## Uhlaka LweziMali ZikaHulumeni kanye NeziPhakamiso Eziphathelene neNtela.

## Izethulo Nokulalelwa Kwezimvo

IKomidi Elingaguquki elibhekele ezeziMali kanye neKomidi LoMkhandlu KaZwelonke WeziFundazwe limema ababambe iqhaza nalabo abanentshisekelo ukuthi balethe izethulo ezibhalwe phansi mayelana ngohlaka LweziMali ZikaHulumeni kanye NeziPhakamiso Eziphathelene neNtela eziyokwethulwa kanye neSabiwomali sowezi -2026/2027 ngoLwesithathu mhla zingama-25 kuNhlolanja wezi-2026.

**UMthetho Wezindlela ZokuChitshiyelwa KweMithethosivivinywa YeziMali kanye NeziNdaba EziHlobene Nawo, uNo 9 wezi-2009 uchaza uhlaka lwezimali zikahulumeni kanje:**

*Uhlaka lwezimali lonyaka othile olwenza ukuthi kube nomgomo obanzi wezomnotho wesiGungu sikazwelonke nokubandakanya-*

*(a) Izililinganiso zayo yonke imali engenayo, isabiwomali kanye nesabiwomali esengeziwe esichazwe ngokwehlukile, okulindeleke ukuthi siqoqwe ngalowo nyaka wezimali;*

*(b) Izilinganiso zayo yonke imali esetshenzisiwe, isabiwomali kanye nesabiwomali esengeziwe esichazwe ngokwehlukile, salowo nyaka;*

*(c) Izilinganiso zokuboleka zalowo nyaka wezimali;*

*(d) Izilinganiso zenzuzo nezindleko zokulawula izikweletu; kanye*

*(e) Nokukhombisa inzuzo/imali ebekwe eceleni ezobhekana nezimo ezibucayi noma nezinye izidingo zesikhashana, kanye nezinye izidingo ezisekelwe kumgomo ofanayo.*

**Ukulalelwa kwezimvo zomphakathi kuzokwenziwa nge -Zoom ngoLwesibili, mhla zi-10 kuNdasa wezi-2026.**

**Labo abafuna ukwenza izethulo ezigcawini zokulalelwa kwezimvo zomphakathi ngoLwesibili mhlazi -10 kuNdasa wezi-2026 kufanele bakucele ngokucacile lokhu. Lokhu kulalelwa kuzokwenziwa nge- Zoom.**

**Izethulo kanye nokukhombisa kwakho inhloso yokwenza isethulo ngomlomo kufanele kufike lingakadluli ihora le-12:00 ngoMsombuluko, mhlazi -09 kuNdasa wezi-2026.**

**Izethulo kufanele ziqondiswe koNobhala beKomidi, Mnu Allen Wicomb kanye Nksz Teboho Sepanya (Ikomidi Elingaguquki elibhekele EzeziMali) kanye Mnu Nkululeko Mangweni (Ikomidi loMkhandlu kaZwelonke Wezifundazwe elibhekele EzeziMali), 3rd Floor, 90 Plein Street, Cape Town, 8000 noma awicomb@parliament.gov.za / tsepanya@parliament.gov.za / nmangweni@parliament.gov.za ucingo. (021) 403-3759 / (021) 403-3738 / (021) 403-3782.**

**Amakhophi oHlaka lweziMali ZikaHulumeni kanye neziPhakamiso Eziphathelene neNtela azotholaka mhla zingama 25 kuNhlolanja wezi-2026 lapha: www.treasury.gov.za .**

**Sikhishwe nguMhlonishwa MJ Maswanganyi, iLungu lePhalamende, uSihlalo: IKomiti Elingaguquki elibhekele EzeziMali (ISishayamthetho SikaZwelonke) kanye noMhlonishwa: S Ndhlovu, iLunga lePhalamende, uSihlalo: Ikomidi loMkhandlu kaZwelonke Wezifundazwe elibhekele EzeziMali (uMkhandlu kaZwelonke WeziFundazwe).**